23 KuNhlangulala 2020

Ibanga 11

Umsebenzi

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Umbuzo 1

| |
|---|
| UMnumzane Zaba waseShowe unezinkomo eziningi. Kukhona ezinhle ezinemibala enhlobonhlobo. Ezimnyama zona zinesibaya sazo zodwa. Njalo ngonyaka uhlabela umndeni wakhe inkunzi emhlophe. Ngonyaka wezi-2018 kungenzeka lezi zinkomo zibe amakhulu amahlanu. Abantu bayamhlonipha ngoba uyisigwili. Izinkomo zakhe zinomaka obomvu emadlebeni. Umfana wakhe usenga ubisi ekuseni. Idlelo ezidla kulona linotshani obuhle obuningi. Ngesikhathi sikaKhisimusi uzilayisha elolini enkulu ngoba amawindi ayo mancane futhi aphezulu. Abantu bazithengela ukuthola inyama kanti abanye balobola ngazo. Izinkomo zinamagama azo, uthanda kakhulu leebizwa ngojudas ngoba isiphile iminyaka engama-25. Izingane zakhe ziyibiza ngekhehla elidala. Akafuni ukuthi idayiswe noma ihlatshwe. |

1.1 Bhala isifinyezo segama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo: U**Mnumzane** Zaba waseShowe unezinkomo eziningi. (1)

1.2 Tomula isabizwana sokubala kulo musho olandelayo: Ezimnyama zona zinesibaya sazo zodwa. (1)

1.3 Bhala ibizo elinomqondo ofanayo naleli elibhalwe ngokugqamile. Abantu bayamhlonipha ngoba **uyisigwili.** (1)

1.4 Guqula leli gama elibhalwe ngokugqamile libe ubulili besifazane bese ulisebenzisa emushweni ozozakhela wona. Njalo ngonyaka uhlabela umndeni wakhe **inkunzi.** (2)

1.5 Guqula isenzo esibhalwe ngokugqamile sibe nomqondo wokwenzayenza (impambosi) kulo musho olandelayo:

Umfana wakhe **usenga** ubisi ekuseni. (1)

1.6 Khetha izenzukuthi ezifanele kulezi ozinikiwe bese ugcwalisa izikhala kule misho elandelayo: [cwe, tebhu, bhuqe, qwa]

(a) Izinkomo zikaZaba zimnyama ... (1)

(b) Ekhaya kunotshani obuluhlaza ... (1)

1.7 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa emushweni ozakhele wona.

**Izingane** zakhe ziyibiza ngekhehla elidala. (2)

1.8 Guqula igama elibhalwe ngokugqamile libe isandiso sendawo.

**Idlelo** ezidla kulona linotshani obuhle obuningi. (1)

1.9 Hlobo luni lwebizo lolu olubhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?:

Ngesikhathi sikaKhisimusi uzilayisha elolini enkulu ngoba **amawindi** ayo mancane futhi aphezulu. (1)

1.10 Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo: Izinkomo zinamagama azo, uthanda kakhulu leebizwa ngojudas esiphile iminyaka engama-25. (2)

**[15]**

# ISIKHANGISI

# SHESHA DRIVING SCHOOL

## PHUMA USUNGUMPETHA WOMSHAYELI



Woza kwaShesha Driving School khona uzothola:

- Ilayisensi yezincwadi zemithetho yokushayela ngokushesha.
- Ukufunda ukushayela ngezimoto ezintsha ceke.
- Ilayisensi ngokokuqala ungenele izivivinyo zokushayela.
- Indawo yokuhlala mahhala uma usafunda.

| **Ukhodi-8** | **Ukhodi-10** | **Ukhodi-14** |
|---|---|---|
| **R500,00** | **R1 000,00** | **R1 500,00** |
|  |  |  |

Sitholakala ku-103 Dundube Street, Dundee 3301
sheshadrive@gmail.com
Facebook: shesh_driv

**Kunesipesheli sokukhokha uhhafu wemali kulabo abaneminyaka eyi-18 kuya kwengama-20.**

Umbuzo 2

Funda isikhangisi bese uphendula imibuzo elandelayo.

2.1 Ngabe lesi sikhangisi siqondiswe kobani? (1)

2.2 Bhala OKUBILI okungenza abantu baheheke, bayofundela ukushayela eShesha Driving School. (2)

2.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Ukuba ngumshayeli ongumpetha kusho ukushayela ...

A. kahle kakhulu
B. kancane kunabanye
C. kabi kunabanye.
D. ngejubane kunabanye. (1)

2.4 Kungani kufakwe izithombe zezinhlobo ezahlukene zezimoto esikhangisweni? (2)

2.5 Kunamthelela muni ukufaka uphawu u-'L' ewindini langemuva lemoto? (2)

2.6 Kubaluleke ngani ukuba nelayisensi yokushayela? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.7 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Ukutheleka kusho ...

A. ukuvakasha kude
B. ukuhlala phansi
C. ukuhamba kancane
D. ukufika ungalindelwe (1)

2.8 Kazi **ulimi** lwakhe lona alushanga yini?

Sebenzisa igama 'ulimi' emshweni ozakhele wona ukuze kuvele incazelo ehlukile kule esetshenziswe kule khathuni. (2)

2.9 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe yila mazwi abhalwe ngokugqamile?:

Bazozwa iphunga **lamanzi amponjwana.**

A. Isifaniso

B. Ihaba

C. Isihlonipho

D. Uteku (2)

**[15]**

**AMAMAKI ESEWONKE: 30**